Possible Answers Feb/Mar 2005

123-1/2V

UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG

UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI

ISIZULU ULIMI LWEBELE
IZINGA ELIPHEZULU
(Iphepha Lesibili)

# ISIGABA A

## UMBUZO 1

## IZINKONDLO

*Usinga I* – **N.S. Ntuli**

1.1.1 a) Abantu abaningi / isixuku / izihlwele. (1)

b) Izingoma ezingahloniphi / ezinenhlamba. (1)

c) Ulaka / ulunya / indluzula. (1)

1.1.2 Imbongi ikhuluma ngentsha eyikusasa nethemba likaZulu. Yenza umathanda, icula izingoma ezingahloniphi lokho ikwenza ngenxa yobuwula futhi ayazi ukuthi iyophelelaphi. (3)

1.1.3 Isifaniso. (1)

1.1.4 a) Ukwenza into eyingozi / ewubuwula. (1)

b) Empini yilowo nalowo uyazibonela. / Bethembene kodwa bafihlelene okuthile. (1)

1.1.5 Umsuka / isizathu sokwenza into. (1)
**[10]**

## UMBUZO 2

*Imvubelo* – **A M Maphumulo**

2.1 2.1.1 Imvubelo. (1)

2.1.2 Ukuphuza kakhulu / ukudakwa / ukuhamba udiyazela. (1)

2.1.3 Imbongi ifanise utshwala nemfundo ithi abantu uma sebefunde kakhulu bafana nabantu abadakiwe. Imiqondo yabo iyadungeka futhi idideke ngenxa yolwazi. Uma sebefundile baveza izimfihlo namaqiniso. (4)

2.1.4 a) Ukuxhumana – siqalo (2)
- Kuqhuma esiletha umunyu isililo
- Kuqhuma nhlamba kuqhume nduku

b) Ukuxhumana–maphakathi
- Kuqhuma nhlamba kuqhume nduku
- Kuqhume isililo kuqhume uhleko (Kunye kwalokhu)

2.1.5 a) Bakhuluma konke ababekufihla namaqiniso abawaziyo. (2)

b) Baphuze utshwala. (2)

2.1.6 Imibono izokwehluka. Sithola umoya wokuncoma nokugxeka. Uncoma izinto ezenziwa abantu sebefundile, ugxeka ezimbi abazenzayo uma sebephuzile. (Abafundi mabasekele kahle). (3)
**[15]**

**NOMA**

2.2.1 Phezu kwakho konke. (1)

2.2.2 Isingathekiso. Uhamba ngokushesha kuhle komfula. (2)

2.2.3 Imbongi ikhumbula izinto ezinhle azenzelwe ngunina esaphila. Njengewisa lomthandazo, isizotha nenhlonipho, injabulo kanye nogqozi, iphinde ikhumbule nobunzima, unina ayehlangabezana nabo njengemigwago ayeyiqombola, ubusika nezivunguvungu zonke lezi zinto wazibekezelela emkhulisa njengoba naye esekwazi ukuzimela. (5)

2.2.4 Izibuko yilapho kuwelwa khona umfula. Isiphethu yilapho kuqala khona umfula. (2)

2.2.5 Isitsha sokukha amanzi. (2)

2.2.6 Izinsuku zokuguga noma ukugula. (2)

2.2.7 Ngikhumbul' iwisa lakho lomthandazo
Ngikhumbul' isizotha nenhlonipho. (1)
**[15]**

**NOMA**

| | | |
|---|---|---|
| 2.3.1 | Umoya wothando nokuncoma. Imbongi isitshela ngothando enalo. Inhliziyo yayo ayihlaliseki ngenxa yothando, izwa inentokomalo uma ihleli nesithandwa sayo. Iyasincoma isithandwa sayo, ithi sifana nendoni yamanzi, yilanga liphuma, inekhanda elibushelelezi, ifana nembali. | (4) |
| 2.3.2 | Uju yinto emnandi ethandwa yiwo wonke umuntu, ngakho-ke namaphimbo amnandi njengalo. | (2) |
| 2.3.3 | Isifaniso - sisho umuntu omuhle futhi (omhlophe ngebala) njengelanga. | (2) |
| 2.3.4 | (a) Ukufudumala. | (1) |
| | (b) Ukuhlekisa ngomuntu. | (1) |
| 2.3.5 | Bayohlwaya amagobolondo.<br>Bayotshuza olwandle noShaka. | (2) |
| 2.3.6 | Uthi lokukhanyisa. | (2) |
| 2.3.7 | Umculo omnandi owenziwa yinyoni. | (1)<br>**[15]** |

**NOMA**

| | | |
|---|---|---|
| 2.4.1 | Ikhuluma ngoMvelinqangi. Ithi uyesabeka futhi akabhekeki. Wayekhona kusukela ekuqaleni kuze kube manje. Ufuna ukwazi ukuthi uMvelinqangi uhlala kuphi? | (4) |
| 2.4.2 | UFaro wayengafuni ukudedela ama-Israyeli ngoba ayeyizigqila kuyena. UNkulunkulu ngoMose wawakhulula kwafa amabutho kaFaro. | (2) |
| 2.4.3 | Kusekufeni. | (1) |
| 2.4.4 | Ukuhleka ngokubhinqa. | (2) |
| 2.4.5 | Umoya wokuncoma. Imbongi incoma uMvelinqangi, incoma ubuhle bakhe kanye nokuthi kudala ekhona. | (3) |
| 2.4.6 | Isingathekiso. | (1) |
| 2.4.7 | UNongqawuse wathi mabashise yonke imfuyo namasimu abo, ngoba umhlaba uyabhubha. | (2)<br>**[15]** |

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

# ISIGABA B

## UMBUZO 3

## UMDLALO

*Ngiwafunge Amabomvu* – L Molefe

3.1 Makuxoxwe kabanzi ngalezi zigameko:

- UZaba uyaqhubeka uthandana noThulisile.
- Uceba ukweqa noThulisile ngoba ebona sengathi uMzwezwe usemnqobile ngamakhathakhatha akhe.
- Akafuni ukuthi uThulisile abizwe ngendlovukazi noma umdlunkulu.
- Ubophela isithunywa senkosi exhibeni.
- Ubiza inkosi ngembangi yakhe.
- Uyaziveza kuThulile ukuthi uthandana noThulisile.
- Ucela inkosi ukuba ingabajezisi abanye abomndeni wakhe, kepha ukhetha ukuba kubulawe yena ngoba nguye oyimbangela yakho konke lokhu. (nokunye) **[30]**

**NOMA**

3.2.1 Baselawini lenkosi. (1)

3.2.2 Ngeyokuthi umntwana kaThulisile akayena okaMgidi kodwa uyivezandlebe. (2)

3.2.3 Uzofela ukuthi uZaba indodana yakhe ithandane yaze yakhulelisa uThulisile kodwa wangakusho lokho enkosini. (2)

3.2.4 Wayengazi ukuthi uThulisile unelinye isoka ngaphandle kwakhe. (2)

3.2.5 Ukuncokola / ukutekula. (2)

3.2.6 Yebo, wayefanele. Wayezofihla kuze kube nini? Futhi zikhona izinto ezase zizoba yizinsolo kuye uMgidi, njengakho ukuthi umntwana angaphawuleki. Kwakuyoba kubi uma inkosi isize yazibonela lokho. (3)

3.2.7 UThulisile. (1)

3.2.8 Awamtsheli amanga / awalenzi iphutha. (1)

3.2.9 Ukungingiza. (1)
**[15]**

3.2.10 Inyanga yenkosi. (1)

3.2.11 Izimpelesi zihleli kabuhlungu ngenxa yokuthi uThulisile ubonisa ukungayithandi inkosi futhi ubonana njalo noZaba, sebaze bafuna nokweqa. (2)

3.2.12 Ezokuthi uThulisile angahle, ayibhunyele ngamanzi ashisayo inkosi. Phela uKhonzeni njengoba edla ukudla kukaThulisile usengenwe yintando, usethanda uMgidi. (2)

3.2.13 Umuthi wokuthi uthande umuntu / umuthi wokufaka intando. (2)

3.2.14 Ingoba uThulisile akakudli ukudla kwasebukhosini okufakwe amakhathakhatha. UThulisile akayithandi nhlobo inkosi. (2)

3.2.15 Ukuze kungabonakali ukuthi uThulisile akayifuni inkosi. Kungasoleki ukuthi uThulisile akakudli ukudla kwase bukhosini. (2)

3.2.16 UKhonzeni impelesi kaThulisile.
UNokufika ekaThulile. (2)

3.2.17 Izoba buhlungu / izoba mibi. (1)

3.2.18 UZaba. (1)
**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [30]**

## ISIGABA C

## UMBUZO 4

## INOVELI

***Isigcawu Senkantolo*** – M.M. Masondo

4.1 Makuxoxwe kabanzi ngalezi zigameko ezilandelayo:

UVika ubulala uZikode, ucela isidumbu emoshali ukuze adukise umkhondo. Lokho kugcina kuvezwe nguMagwegwe noMhlobo.

- UMagwegwe waboleka uVika isidumbu emoshali, kwavela lokho ngenkathi esefuna imvalamlomo.
- UMagwegwe ufuna imvalomlomo, ngokuthi abhalele abakwaKubheka izincwadi ezesabisayo, lokho kuyavela ekugcineni.
- Ubulala uMhlobo ngenxa yokungathembani ngemali yemvalamlomo. Nakho lokho kugcina sekuvelile.

**[30]**

**NOMA**

4.2 4.2.1 NguZethu wayesolwa ngokuthi ubulele uMhlobo. (3)

4.2.2 NgesikaVika Kubheka. (1)

4.2.3 UZethu wayibuza ukuthi ukuphi uMhlobo, ayizange imphendule kodwa yafuna ukumgxavula kwafika umoya wanyakazisa isikebhe uZethu wacabanga ukuthi isiyamhlasela wase eyidubula. (2)

4.2.4 Yagxumela emanzini yabaleka, yahlamba yabheka ngasogwini. Yangena emotweni yabaleka, yafika yatshela uVika. (3)

4.2.5 Sagxumbukela emanzini ngenkathi ibaleka. (1)

4.2.6 Cha, umlisa uMagwegwe wenza sengathi ufile wavuka emva kwalokho wadubula uMhlobo owayeboshiwe emkhunjini. (3)

4.2.7 Amadoda ayalela uZethu ukuba akhiphe imvalamlomo aze amtshela nokuthi bazohlangana khona edamini. (2)
**[15]**

4.2.8 Ekhuluphele kakhulu. (1)

4.2.9 Bakubo kaThokozile, ekamelweni. (1)

4.2.10 Yayithi ithini elalinemali lalingatholakalanga kodwa lokho kwakuyinto eyayilungiselelwe ukuheha izintatheli. (2)

4.2.11 Phela uThokozile wayehlala eqashiwe unogada nguye owazisa uThemba, uThemba yena wazisa uNgubane ngalokho. (2)

4.2.12 NguMhlobo Mvubu. (1)

4.2.13 Amaqola ezwa ukuthi uDuduzile uzoshada noThulane ongumshana kaZikode. Base bembhalela incwadi yokuthi akhiphe imvalamlomo. Kungenjalo bazoludalula udaba lokuthi uKubheka nguye owabulala uZikode. (3)

4.2.14 Wayefuna ukuba amaqola angethembani. Lokho kwafezeka ngoba bagcina sebasolana bobabili. Lokho kwenza uMagwegwe agcine esebulele uMhlobo. (3)

4.2.15 Ungummeli. (1)

4.2.16 Ama "Blackmailers". (1)
**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [30]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 100**